# *Kanye Futhi*

Ngiyabonga, kakhulu. Asikhuleke.

Baba waseZulwini, sibuthene futhi eGameni loMntwana waKho othandiweyo, iNkosi uJesu, ukuzwakalisa uthando lwethu ekukhonzeni Yena futhi. Sikhulekela ukuthi uMoya waKhe uzohlangana nathi, nokuthi Uzosinika ngamunye ingxenye yalowoMoya ongahle usinike umusa osimamisayo ukuqeda uhambo nokulwa ukulwa okubekwe phambi kwethu, ukulwa kokuKholwa. Siphe khona, Baba. Futhi sihlephulele, kulentambama, iSinkwa sokuPhila, ukusiqinisa, ngokuba kulotshiwe, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Kwangathi singakuzwa lokho, kulentambama, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

2 Hlalani phansi. Kuphawula uMfowethu Carlson, ungidedele nje ngiqhubeke cishe imizuzu eyishumi leyithi. Usengcono. Omunye umhlangano weviki, sizovele nje si. . . Mhlawumbe ngizoba lapha ngesikhathi. . .?. . .Sijabula kakhulu ngenhlanhla.

3 Manje kulobubusuku ngubusuku bethu bokuvalwa kwalenkonzo ethize, futhi ngifuna ukunidedela niphume ngesikhathi ukuze nibe nesidlo sakusihlwa senu—senu. Ngiyazi inqwaba yenu ikubiza ngedina lenu. Kodwa uma nginedina, pho isidlo sakusihlwa sami singenaphi na?

4 Manje, bengixoxa nomfo, wathi, "O, Mfowethu Branham, yi—yidina."

5 "O, yilo na?" Ngathi, "Ngifuna ukufakazisa ukuthi unephutha." Ngathi, "Asithathi idina leNkosi; sithatha isidlo saYo sakusihlwa."

6 Ngakho si—sithanda ukucabanga ngaso njengeNkosi, njengesidlo sakusihlwa sethu, isidlo seNkosi sakusihlwa ngalobobusuku, hhayi ekuseni noma ntambama. Yona, Yasithatha kusihlwa, kwakuyisidlo saYo sakusihlwa.

7 Manje, ngakho sifuna ukubuya eli. Futhi ukuze singabi leyithi kulobubusuku, uMfowethu Carlson uzongidedela nje ngiqhubeke ngesikhathi impela nje kulobubusuku. "Ukukholwa kuyizinto ezithenjwayo." Futhi angazi, uma iNkosi ithanda, ngingahle ngizame ukukhuluma kulobubusuku, uma ngingahle ngithole esincane, isikhathi esenele, ngokuthi, *UkuBala ngokuhlehla*. I, ngokuba ngowesayense, uMlayezo omncane iNkosi enginike wona wezinsuku zokugcina. Futhi mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngingahle ngikwazi ukukhuluma ngalokho kulobubusuku.

8 Manje, sibe nesikhathi esihle izolo ebusuku. Ngiwelile, ngathi, "Asizukubakhulekela abagulayo," neNkosi yabaphilisa abagulayo noma kanjani, niyabo. Amen. Ngezinye izikhathi singahle sisho into ethize, kodwa iNkosi ingavele nje iyichithe leyo noma ngasiphi isikhathi Efuna ukuyichitha ngaso. Niyabo, I—InguNkulunkulu.

9 Manje ngifuna ukufunda ngokushesha emiBhalweni, okwendikimba encane engi—engicabange ukuthi ingahle ibe lusizo kithi kulentambama.

10 Manje, uma engidedela ngiqhubeke ngesikhathi, ngifuna ukuzama ukuphuma ngesikhathi, nalokho kuzoba cishe ligamenxe elesine, okuzoba cishe yimizuzu engamashumi amahlanu kusukela manje.

11 Asiphenye manje ngale eNcwadini yabaHluleli, isahluko 16, futhi asifunde a—amavesi 27 nelama 28, njengoba sibuka eZwini.

> *Manje indlu yayigcwele abesilisa nabesifazane; namakhosi onke amaFilisti ayelapho; ophahleni kwakukhona abantu kungathi abayizinkulungwane ezintathu abesilisa nabesifazane,* . . . bheka *kudlala uSamsoni.*
>
> *Futhi uSamsoni wakhala eNkosini wathi, O Nkosi* . . . *ake ungikhumbule, ngiyakuncenga, ungiqinise, ngiyakuncenga, kube-kanye kuphela, O* Nkosi, *ukuba* . . . *ngiphindise kumaFilisti ngempindiselo ngenxa yamehlo ami amabili.*

12 Asikhuleke futhi. Nkosi Jesu, thatha lendikimba encane, bese unisela iBandla ngayo, Nkosi. Siyakhuleka futhi siyinikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

13 Kufanele ukuthi kwakukade kukhona cishe amaFilisti ayizinkulungwane ezintathu, ebuka phansi ephezulu ekugcineni kwendawo eyisitezi ehholo yalenkundla enkulu evalekile, ngenkathi abahamba ngababili bengena enkundleni evalekile ngaleyontambama. Kufanele ukuthi kwakukade kulusuku olushisayo. Usuku lonke gulukunqu ayekade ephandle lapho. Futhi kulesisixuku esikhulu, phezulu ekugcineni kwalenkundla enkulu evalekile eyayakhiwe yathi ayibe yikhowe elibhekiswe phansi; nensika isesenta maphakathi nendawo, eyayiphume yathi ayime *kanje*, futhi yabamba izinsika ezimbili zibambe zonke izibukeli zizungezile; ophakimpi abaphucuke kakhulu nabesifazane babo befake ubucwebe obuhle. Bonke begebele phambili kulesisehlakalo, ngoba babefuna ukuthola ukuthi babuke kahle, lokho okwakwenzeka.

14 Kwakukade kukhona izanduleliso, wonke umbungazo. Ayekade cishe enomdlalo omncane wezinkawu e—ezazidlala amaqhinga amancane. Futhi ayenezinto ezehlukene ayebungazana ngazo, ukulwa, ukubambana, futhi—futhi—futhi

mhlawumbe ukulwa kwababili baze bafe, neziningi ezinye izinto a—ayekade ebungazana ngazo usuku lonke, ngokuba kwakulusuku olukhulu, kodwa manje isehlakalo esikhulu siyafika.

15 Niyazi ukuthi sonke silindela kanjani ngokubekezela ngenkathi kusaqhubeka izanduleliso. Futhi alindela i—isehlakalo esikhulu, futhi yingaleyonkathi wonke umuntu ahlala ngayo ngezinqe futhi anake. Siyakubhekisisa ezinkonzweni zethu zezenkolo, okwangenkathi sinokucula kwethu—kwethu, nezimfakazelo zethu, nokushumayela, kanjalonjalo; kodwa isehlakalo esikhulu ngukubona ukuthi iNkosi izokwenzani, sibone ukuthi Isiqoqeleleni ndawonye. Sonke simagange ukubona nje ukuthi isiphetho sizoba yini, isehlakalo esikhulu. Kungaleyondlela kunoma yini. Sihlala njalo sibhekisisa isehlakalo esikhulu.

16 Futhi onke aphakama ukuba abuke phambili, ukubona ukuthi kwakwenzekani, ngoba isehlakalo esikhulu sasesilethwa kubo, futhi yini ayibona kodwa impumputhe iholwa ngumfana omncane.

17 Amahholo ayekade enanela yonk'intambama, ngokuzitika kokudakwa, ukuthi ayedluliselana kanjani uwiski neziphuzo zawo eziphakeme; nabakahle babo, abesifazane abapendile nabafake ubucwebe, nophakimpi abakhulu abadumile, nabo bonke. Kwakungumgubho omkhulu. Babegubha ukunqoba. O, ngikuzonda kanjani ukusho lokhu! Ukunqoba unkulunkulu wenhlanzi uDagoni ayenakho, phezu kwenceku kaNkulunkulu. Kuhamba nje kuyothi ngqu phansi ekugcineni kimi, ukuba ngisho lokho, kodwa kuyiqiniso. Ukugubha okunjengaleyondlela, ukunqoba phezu kwenceku kaJehova. Into engamahloni kanje pho! Ephuza, ukuzitika, nabesifazane abapendile, nabafake ubucwebe, nezicukuthwane ezinkulu, imililo wawuvutha phansi kukankulunkulu wenhlanzi, futhi kufanele ukuthi kwakukade kungumgubho omkhulu.

18 Kodwa ingxenye ephula inhliziyo, njengezinkulungwane zeminyaka kamuva esifanele sizicabange emuva ngesehlakalo esinjengaleso nje, futhi ngenkathi uNkulunkulu omkhulu waseZulwini, Owayezimisele enhliziyweni yaKhe ukubhubhisa lesosizwe ngoba ayengabahedeni, futhi ayethume indoda ukwenza umsebenzi, futhi lapha isithombe sikankulunkulu wenhlanzi wayegubha ukunqoba phezu kwenceku kaJehova. UJehova akazange alahlekelwe; inceku Ayithuma ukuba iwenze, yalahlekelwa ukunqoba.

19 Into ebukeka inje pho, kwakuyinto engamahloni kabi! Umfana wahola ekhubekayo, impumputhe ivundla i—ihholo, iya kulezizinsika ezinkulu ezisesenta, lapho khona onke amakhowe amakhulu abhekiswe phansi noma isethi efana nesambulela, lapho abantu babebuka khona phansi *kanje*, kokufana

nezinsika ezinkulu zamatshe eziye phezulu futhi zabamba into ngokuhlelekile, kwabekwa ngetshe elingeke laphinda livezwe namhlanje. Akekho owayengakwakha kanjalo. Kodwa into enkulu kangaka pho okwakuyiyo! Nezinkulungwane zabapristi abangabadumile ababekhonze isithombe, nezifuba zabo zonke zikhukhumele, nayo yonke imigubho yabo nezinkambiso phezu kwesithombe sabo, ukuthi wayekade enqobe uJehova. Usuku olwalulukhulu kanje pho, kuphuzwa, ukuzitika, nokuqhubeka!

20 Futhi nakhu kuza inceku kaJehova, iphuphuthekile, ikhubeka, iholwa ngumfanyana, iphumela kulensika enkulu, ukwenza umdlalo. Isehlakalo esikhulu sombungazo kwakungukwenza umdlalo ngenhloso egcotshiwe kaJehova ukubhubhisa isizwe. Futhi, nokho, isizwe sithathe into uNkulunkulu ayeyifakile ukubabhubhisa, futhi manje babeyinqobile futhi babenza umdlalo ngayo, isehlakalo sabo esikhulu emgubhweni wabo.

21 Lokho akunibulali yini nje, cishe, ukuba nibuke lokho na? Ukucabanga ukuthi kwakungaba yini, lendaba yayingafanele neze ngempela ukuba ixoxwe. Kodwa mhlawumbe yaxoxelwa ukuba—ukuba ibe ngumyalo wethu, ilotshwe ngaleyondlela. Yehliswe isithunzi, yephukile, imi manje ihluliwe, ngqo phakathi kwezinsika ezimbili ezazibambe indlu.

22 Lesosifanekiselo esinje pho sebandla namhlanje! Isifanekiselo esinje pho sesintu esiwile sabantu, esithengiswe ezweni nayo impela into esilapha ukuba siyinqobe. Ibandla elithengise ngezimilo zalo—zalo zokuziphatha, elithengise ngeBhayibheli, lathengisa ngamandla alo, lazinikela kakhulu ngezwi lalo, futhi limi lehliswe isithunzi ehoreni lapho izibonakaliso zokusondela kokuFika kukaJesu Kristu sekuseduze; kanti belifanele ligezwe, lingenasisihla noma umbimbi, limi ukwemukela uMyeni walo.

23 Isithombe esinje esisibona lapha, isifanekiselo sokubola kwesimilo sokuziphatha esiphumule phezu kwesizwe, lesisizwe. Futhi angizukuzama ukuhlala nemiBhalo yami isikhathi eside kakhulu, ukuze ngiqede ngokushesha. Kodwa bengingakufanekisela lokho nebandla, nesizwe, nezombusazwe, nanayo yonke into ongabeka izandla zakho phezu kwayo namhlanje, ngaphandle kweBhayibheli likaNkulunkulu. Libole ngokwesimilo sokuziphatha, isintu qobo lwaso, esimweni esesabekayo nje!

24 Futhi lapho phansi kwabaphikinkolo nabangakholwayo abangakhomba ngomunwe wabo ebusweni bebandla, ebelifanele libe noMlayezo wanamhlanje, futhi bebabuza, "Kuchaza ukuthini konke lokhu na?" Futhi abanayo impendulo. Abanayo impendulo. Ngani na? Benza njengoba kwenza uSamsoni. Bazinikele.

25 Ngakho ukumbona ehlezi lapho, futhi besingathi, "Ngakho lona nguSamsoni na?" Ake sibambe isithombe sakho, leli elikhulu, iqhawe elinamandla. Ake simthathe isithombe, kulentambama, ukuthi wayenamahlombe abanzi, omkhulu umsebenzi owuhlaka. Futhi nasi lesisigaxa sendoda simi lapho, siphuphuthekile, siboshwe ngezintambo ezincane, futhi siholelwa maphakathi nephansi lendlu, sehliswe isithunzi, sephukile, sehluliwe, noNkulunkulu omkhulu waseZulwini ebuka phansi kukho. Phansi lapha, abagxeki bakhe, amasosha adakiwe ebuka phansi.

26 Sengathi ngiyabona, lapho emi lapho, amaningi amaFilisti ayeqhaqhazele ngisho nasezicathulweni zawo, ukuzwa igama lakhe. USamsoni kwakuyigama elinamanda, ngesinye isikhathi; babunjalo nobuKristu, ibandla lalinjalo. Futhi ngizokwenza kuhambisane nebandla, lenkundla. Igama likaSamsoni, abantu babequleka nje, ngokuba wayengolunye uhlobo oluthize lwendoda ababengakaze bayibone indoda enjengaye. Amandla akhe ayengaphambili le kwanoma yini izwe elake laba nayo. Akukho lutho ababenalo olwalungameshana nawo. Amaningi ayemkhumbula lapho embuka emi lapho ekulesosimo.

27 Amaningi ayebuka phezu kwakhe esezindaweni eziyisitezi ehholo futhi ekhumbula embona emi kwesinye isikhundla. Ngoluny'usuku, emi nomhlathi womnyuzi, esandleni sakhe, nenkulungwane yamaFilisti imqamekele, ngenkathi ayebalekele emadwaleni efuna ukuphepha; emi, eqhweba ngeminwe yakhe, "Wozani, uma nikufuna okunye kwakho!" Kodwa manje mbukeni.

28 Amaningi amaFilisti, ukuthi ngobunye ubusuku wavunyiswa yisifebe ukuba angene, nase—semzini waseGaza, athatha amasango amakhulukazi ayengasinda amathani, futhi ambiyelela ngawo futhi ambamba, ase ethumela emasosheni ase ethi, "Manje sesimbambile. Sesimvalele." Njengodeveli njalo uzama ukwenza, akuvalele entweni ethize.

29 Kodwa ayakhumbula ngenkathi uSamsoni evuka ngokusa okulandelayo, noma ngalobo busuku, njalo, ebona ukuthi wayevalelwe. Wayesezwa emuva ngemuva kwekhanda lakhe futhi abe esalokhu azi ukuthi wayeyindodana kaNkulunkulu yesivumelwano, futhi kwakungekho lutho olwalungamvalela. Ibandla lake lama kanjalo, nalo. Wenzani na? Wavuka, wehla ngomgwaqo, wabhoncula amasango ezingoxweni zawo, wayeselibeka phezu kwamahlombe akhe wayesenyukela esiqongweni segquma wayesehlala phansi.

30 Amaningi emi lapho ngaleyontambama asikhumbula lesosehlakalo. Kodwa mbukeni manje, uphuphuthekile, wabhuqwa, umdlalo nje wesitha. Onke amandla akhe ake aba nawo ukuba amvikele, ngokuba ukuzuza kukaNkulunkulu

ngempumelelo ayezalelwe ezweni ukuba akwenze, kwase kuhhunduliwe kuye ngowesifazane.

31 Ngicabanga ukuthi leyonto efanayo ibingabhekiselwa kwinamhlanje, ukuthi owesifazane ozenzisa sengathi unguMlobokazi kaKristu, futhi esekela ukufundisa kwakhe nge "sitsha samanyala sezinengiso zakhe, zobufebe bakhe." Uqhabulise isitsha sobufebe emilonyeni yebandla likaNkulunkulu ebelivuselwe ukuba likhombise izibonakaliso nezimanga zaKhe, njengoba umyalo wokugcina kaJesu wawuzokwenza, kuMarku 16. Futhi manje sithola ukuthi uthathe elincane likaNkulunkulu, iqembu elithembekile futhi wawahlela ndawonye ngayo impela nje indlela enza ngayo yena uqobo, futhi wawamisa ehhunduliwe, ephika Amandla akho, ephika uMoya oNgcwele, ephika amandla okukhuluma ngezilimi, ephika Amandla ka—kaMoya oNgcwele ukuvusa abafileyo, nokuphilisa abagulayo nokukhipha odeveli. Futhi manje amaFilisti uphezu kwenu, futhi nizokwenzenjani manje, nihhunduliwe na?

O, ingabe yini eyedlula engqondweni yaleyondoda!

32 Sibonile ukuthi yini okufanele ukuthi yedlula engqondweni yamaFilisti. Ayemazile. Ngenkathi, ngimzwile omunye efinyelela ngale komunye, mhlawumbe, futhi uthi, "Ngiyasikhumbula isikhathi ngenkathi uthi 'Samsoni,' wonke umFilisti wayehambisa okwamagundwane eya emgodini. Ngisizwile isikhathi, wawuthi, amadoda ayinkulungwane ayemasha ngapheshеya kogwadule, athi, 'USamsoni uyeza,' ayelaxaza izikhali zawo futhi abalekele ukuyophepha ngalolonke ijubane."

33 Kodwa manje mbukeni. Usesimweni esibi kabi, uboshiwe, konke ngoba waxegisa kowesifazane. Yilokho okukwenzile. Wamephuca amandla akhe. Waqhubeka nokuzama ukuthola ukuthi amandla akhe ayelelephi. Wayazi ukuthi wayeyindoda enkulu, kodwa ayenamadoda amakhulu, nawo. Kodwa loDelila, wayengu—nguJezibele wangempela. Wayazi ukuthi angamsebenza kanjani, ukumeshelela kuye futhi athi (yena) wayemthanda. Kodwa, ngaso sonke isikhathi, wayezama ukuhamb'edoba, lapho amandla akhe ayelele khona.

34 Naleyo yinto efanayo uJezibele ayenzile ebandleni, lihambe lidoba selize lathola ukuthi amandla alelephi. Namandla aseZwini. "IZwi linguNkulunkulu." Futhi ekugcineni wathola lapho lawomandla elele khona, wayesemehlisele eNayisiya, eRoma, wayesemphuca amagoda akhe. Futhi manje bathathe lokho okusele kukho, futhi ebathatha ebabuyisela eMkhandlwini wamaBandla omhlaba, wayesephuca amagoda abo futhi. Kungukuphuca kwanjalonjalo, kukhishwa *Lokhu*, futhi, "*Lokhu* akuchazi khona *lokho*. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa yi*le*, *leyo*, *enye*." Wona, athola

lapho okwakulele khona amandla, ebambisa ngemibhaphathizo nokuxhawulana nazo zonke lezi ezinye izinto, ngeZwi likaNkulunkulu eliqinisile elingaphingiwe.

35 LeliZwi linguNkulunkulu, elanikwa iBandla laKhe ukwehlula izwe nodeveli, nokugula, nokukhipha odeveli, futhi akukho-hlelo elanikwa iBandla. IZwi lanikwa ibandla; Lawo ngamandla alo. Kodwa anqume nga*Le*ndlela, futhi anqume nga*Leyo*ndlela, futhi aphuce asusa *Leli*goda, futhi aphuca asusa *Lelo*goda, selize limi ligundile namhlanje, njengesistela laseKatolika, lagunda, selize lemukela isixheke sezivumokholo ezenziwe ngumuntu zibe yimfundiso yalo, khona impela nje umprofethi athi liyokwenza. Futhi nanti limi namhlanje, lehliswe isithunzi. Kanti uNkulunkulu waseZulwini ukhethe abadobi abangazi lutho, kanjalonjalo, futhi wehlele kulokho futhi eLifakazela, ukuthi Usalokhu ehlezi enguNkulunkulu, futhi abakwazi ukunikeza impendulo enhlanganweni yebandla labo ngaLo ngoba alixhumene nayiliphi ihlelo. Futhi limi lehliswe isithunzi, lapho ebelifanele ngabe limi khona lisemandleni alo.

36 Ukuba ibandla namhlanje lime njengoba lenza ngoSuku lwePhentekoste, ukuba ibandla namhlanje lime njengoba lenza ngezinsuku zikaIrenaeus, nangezinsuku zikaMartin oNgcwele, noma ngezinsuku zikaPolycarp, lapho iBandla lalimasha khona liyongena ngqo ekufeni ngaphambi kokuba lishaye indiva noma yiliphi iZwi likaNkulunkulu! UIrenaeus, uMartin, onke lawomadoda, abambelela ngqi kulowombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu. Bonke babambelela ngqi kulowombhaphathizo kaMoya oNgcwele, abaprofethi, izibonakaliso nezimanga.

37 Futhi asukile kukho namhlanje. Kwenzekani na? UDelila wayazi ukuthi amandla ayelelephi. Futhi wayeze wakwazi ukuthola lawomakholiji asuke kuleloZwi, aye kwenye isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, wayenawo, khona-ke kwakulula ukubopha nokubaholela eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, lomkhandlu wenkolo yonke yobukristu.

Wena uthi, "Awunalungelo."

38 Ngiseyiso isakhamuzi saseMelika. Nginelungelo enkululekweni yenkulumo. Kunjalo. Impela ngiyiso. Qaphelani, lelo yiQiniso impela.

39 O, ufanele ukuthi wazizwa kanjani nje, ukuthi yini eyedlula emqondweni waleyondoda, lapho imi lapho, iphuphuthekile!

40 Manje, uJezibeli wayazi, noma hhayi uJezibeli, kodwa uDelila wayazi, uma eke waze wabhoboza amehlo akhe aphuma, kwakuyilokho-ke.

41 Futhi yilokho impela uDelila wangalolusuku lokugcina akwenzile ebandleni, wabhoboza amehlo alo wawakhipha, esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi wanithengisela

elinye elikhulukazi ihlelo lezihlakaniphi. Wonk'umuntu uthanda ukuthenga,...uthi, "Ngingowebandla lokuQala. Ngingowelisezansi *lapha.* Ngi..." Niyabo, inqobo nje uma udeveli engakhipha amehlo akho, eZwini likaNkulunkulu nesithembiso sikaNkulunkulu! Akunandaba ukuthi kuzwakala kungubuwula kanjani, yisithembiso sikaNkulunkulu.

42 Manje, angivumeli zona izinkoloze, nhlobo, kodwa lezozinkoloze zaziwa ngemisebenzi yazo. Kanjalo neBandla likaNkulunkulu laziwa ngemisebenzi yaLo. Kodwa ngizama ukusho okwenziwe nguDelila kuSamsoni.

43 Manje asithathe uhlangothi lukaSamsoni, ukuthi ngabe yini eyedlula emqondweni wendoda lapho imi lapho. Konke ukunqoba okuningi ayeke waba nakho, kufanele ukuthi kwakwedlule engqondweni yakhe. Isehlakalo manje sesiyenzeka, umbungazo wantambama usulungela ukuqala. Labo ozobungazwa bacabanga ngalokho ayeyikho, futhi nangu umi lapha ecabanga ngalokho ayeyikho. Kodwa ngoba omunye wesifazane wamyenga, isithombe sesishintshile, kulokho ebesifanele ukuba yikho. UNkulunkulu wavusa uSamsoni ukuba abhubhise lesosizwe, leyo kwakuyiyona impela inhloso yokumkhulisa.

44 Uma uNkulunkulu kuphela engathola indoda eyodwa, yilokho kuphela Akudingayo, indoda eyodwa engazinikela ngokugcwele kuYe. Akathathi umbutho; Akazange akusebenzise lokho. Usebenzisa kuphela indoda.

45 Manje, uSamsoni wanika uNkulunkulu amandla aKhe ukuba awasebenzise, kodwa akamnikanga uNkulunkulu inhliziyo yakhe. Wanikela inhliziyo yakhe kuDelila, wayesenikeza amandla akhe kuNkulunkulu.

46 Kodwa ufanele unikele ngomphefumulo, umzimba, umoya, amandla, konke oyikho, entandweni kaNkulunkulu, yiba yisiboshwa kuYe. Uzoba yisiboshwa somuny'umuntu. Awusuye owakho. Uyisiboshwa somuny'umuntu. Kuphakathi kokuthi uyisiboshwa sikadeveli, wazi leliQiniso futhi ungayikuzinikela kulo, noma isiboshwa e—ezweni, futhi uzinikele kuNkulunkulu, okukodwa noma okunye. Kuphakathi kokuthi uyisiboshwa sikadeveli, esonweni, noma uyisiboshwa sikaNkulunkulu, ekulungeni. Ungoyedwa noma omunye.

47 Futhi manje uSamsoni ucabanga ngokunqoba okuningi okukhulu ayekunqobile. Akungabazeki kufika emqondweni wakhe ukuthi kanjani, ukuthi ngenkathi esengumfanyana, ukuthi uNkulunkulu wayemqinisekisile, watshela unina ukuthi ufanele enze kanjani; angaphuzi uphuzo olunamandla, noma—noma abhekisise ukudla okukhethekileyo kwakhe, ukuthi wayezala umNaziri. Ukuthi wayezikama kanjani izinwele zakhe, futhi wamtshela, "Ndodana, ngalamagoda, yisivumelwano noNkulunkulu, ukuthi amandla akho ayolala phakathi lapho.

Ungalokothi, unganikeli neze ngawo. Ungalokothi, unganikeli neze ngemfihlo yakho. Ungalokothi, unganikezeli ngayo. Noma ngabe wenzani, hlala nayo."

48 UJesu Kristu watshela ibandla, ukuthi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa amaZwi ami awasoze adlula. Futhi yilowo nalowo oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila." Ibandla belifanele licabange ngalokho manje njengoba simi kulenxushunxushu, ngalelihora umkhuleko nje. . . ngaphambi kokufika kweNkosi uJesu, noma ngamuphi umzuzwana, woHlwitho.

49 Ukunqoba okukhulu okuningi esingakhomba emuva, ngezinsuku ezedlula, enguqukweni, emuva ngezinsuku zikaIrenaeus noMartin oNgcwele, uPatrick, nalabo ababhikishela lezozinhlangano.

50 Futhi ngenkathi uLuther ephuma futhi wabhikishela leyonhlangano yokuqala, ibandla eliKatolika, neqembu elamlandela ebuya ngqo futhi lahlela emva kwakhe.

51 Ngenkathi uJohn Wesley ephuma ebuSheshini, futhi, kwathi nje uWesley angasuka, bahlela ngqo emva kwakhe.

52 NePhentekoste langasekuqaleni liyaphuma emahlelweni. Lelo kwakuyigama eliqalekisiwe kuwe. Kodwa, "Njengenja iya ebuhlanzweni bayo, nengulube ekuzibhixeni kwazo," nibuyele ngqo entweni enazalelwa ukuyehlula. Haleluya! Lokho kuyayilimaza inhliziyo yami, futhi, ngisho nangaphezu kokucabanga ngokunqoba ngaleya uDagoni ayenakho phezu kukaSamsoni. Ngiyakubona uJezibeli anakho phezu kwebandla. Futhi yingalesosizathu ukuthi onke amandla nayo yonke imisipha ebumineni, ngizama ukuyibhikishela leyonto, futhi ngilibize lelobandla libuyele endaweni yalo yokuphenduka. Onyoko, oyihlo, baxoshwa kulezozinhlangano. Baphuma kuyo futhi bayibhikishela, futhi lapha abantwana babo usejike wabuyela ngqo futhi usebuyele ngqo entweni abaphuma kuyo. Uma leso kungesiso isithombe sikaSamsoni, okwenziwa nguDelila!

53 Ukuthi sifanele kanjani ukudedela imicabango yedlule engqondweni yethu, yokunqoba okuningi okukhulu. Anginaso isikhathi sokukuthola, futhi ngigcine izwi lami kini.

54 Futhi okukaNkulunkulu, wayemvusele lenhloso, futhi lapho umi phakathi kwalezozinsika ezimbili, ephuphuthekile, ehluliwe, ehliswe isithunzi. Wayesalokhu eyisigaxa esifanayo esikhulu ayeyilokhu eyiso, kodwa amandla akhe ayengasekho.

55 Ibandla liyinoma yini, liqine kakhulu ebulungeni kunoma lake laba njalo. Kodwa liphi iZwi, amandla, ebonakaliswa na? Linqunyiwe kini, yizinhlangano zenu eziphucana amandla.

56 Wayemehlulekisile uNkulunkulu. Akusikho ukuthi wehlulekisa uNkulunkulu kuphela, kodwa wehlulekisa abantu bakubo uqobo. Waba yisehluleki uqobo. Manje wayeyisiboshwa kuso impela isizwe uNkulunkulu ayemvusele ukuba asibhubhise.

57 Futhi nakhu kumi inhlangano yokugcina yebandla, iPhentekoste, kulentambama, yehluliwe nje njengoba uSamsoni wayenjalo. Ningahle ningakukholwa lokho. Kodwa uma nizovula umqondo wenu nje eZwini, nizolibona ukuthi liyiQiniso.

Wayemenzisa amaqhinga, ombungazo.

58 Ukuthi ngesinye isikhathi ngasho kanjani, kungekudala. LeyoFull Gospel Business Men, kahle njengoba nje ngibathanda, nasephephabhukwini labo, bebhala, "UFata onguMfundisi ohloniphekileyo u*S'bani-bani*." Nina enihluphekayo, eniphambukisiwe, maPentecostal ayizimpumputhe! Yini indaba ngani na? Anazi yini ukuthi uMsindisi wethu wathi, "Ningabizi muntu kulomhlaba ngokuthi, 'Baba'?" Aniqondi yini ukuthi udeveli uthatha kuphela umuntu okhahlelwe wakhishwa kwamanye alawo lapho, phandle lapha, futhi nje enza inhlekisa ngani na? Awangeni. Ningavumeli-muntu anitshele ukuthi ayangena.

59 Yini indaba ngalelibandla eliphambukisiwe na? Izwe libhotshozwe amehlo alo. Anazi yini ukuthi uJesu washo ukuthi lokho kuyokwenzeka na? Futhi ngenkathi izintombi ezilele zingena ukuthenga amafutha, ayizange iwathole. Nanso intombi elele, iLuthela, iMethodisti, iPresbyterian. Aziwatholi. Zingahle zikhulume ngezilimi futhi zigxume, kodwa lokho akusho lutho. Ngibabonile abahedeni benza into efanayo, nabakhonzi bakadeveli, bekhuluma ngezilimi futhi bagxume, futhi bacule futhi bamemeze; baphuze igazi elisogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi babize udeveli futhi bakhulume ngezilimi. Ningethembeli emadlingozini. YiZwi likaNkulunkulu elingedluli.

60 Nanto, lehluliwe, kakhulu impela nje njengoba uSamsoni wehlulwa, lenza amaqhinga manje. Ukuthi uSathane usukuma kanjani futhi abahleke, wathi, "Bukani, bazisho ukuthi bayalikholwa iBhayibheli. Bukani!" Kutshelwa zonke iziNgelosi zaseZulwini, "Bukani, bukani, ba—ba—ba—ba, ya, bangamakholwa eBhayibheli, ngamunye wabo, babukeni bonke behlangana ndawonye. Ngizobaphosa, bonke, ngale, impela nje." Uzobaholela phakathi ngqo, khona impela nje okwashiwo ngumBhalo. Bazodingeka bakwenze lokho. Nampo lapho bekhona, behluliwe. UDelila; amehlo ebhotshoziwe ukuze bangaliboni iQiniso.

61 UJesu wathi kubaFarisi, "Ninamehlo, futhi aniboni. Ninezindlebe, futhi anizwa." Ngani na? Wathi, "Isizathu

uIsaya washo njalo." Wabhekisela emuva eZwini, umprofethi. UNkulunkulu uqobo lwaKhe, uJesu Kristu, wabhekisela emuva eZwini lomprofethi waKhe.

62 Futhi, namhlanje, uMoya oNgcwele ubuyisa inkumbulo yenu. "Abanamawala, abakhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu," abesifazane, ababuso bupendiwe, begqoka izikhindi, beziphathisa okwezwe, bephungula izinwele zabo, futhi benza okunjalo kanjalo, "benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla akho bewaphika." Awu, imisebenzi yenu uqobo iyafakaza ukuthi anikholwa. UMoya oNgcwele, eZwini, ukhomba ngqo emuva eZwini futhi.

63 "O," wena uthi, "NginaWo." Uma uthatha umuthi wesifo, uma ungabonakali, kungcono uwushintshe umuthi wakho, uzofela ezonweni zakho.

64 Isizwe, yona impela inhloso, yona impela into abavuselwa ukuba bayibhubhise, uSamsoni, manje sekuhlushwa yena.

65 Futhi linjalo nebandla! Lavuselwa ukufaka ubuhlelo nezwe ehlelweni, ehlazweni, futhi seningene shi ehlelweni. Futhi ngokwenza lokho, ningeke nalandela imiBhalo, onke anombono ohlukene, ngakho nilahlekelwe ngamandla enu. Lowodeveli ophuphuthekisanayo!

66 Wavumela ukuyenga kowesifazane kumsuse e—eZwini likaNkulunkulu. Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, kwakungesikho." KwakuyiZwi likaNkulunkulu. UDelila wasusa uSamsoni eZwini lesithembiso.

67 Futhi kanjalo noJezibeli walolusuku uthathe ibandla, waliyenga eZwini lesithembiso, iBhayibheli likaNkulunkulu eliNgcwele. O, into efanayo, into efanayo ncamashi! Benzani na? Bavumela uJezibeli, okwakhulunywa ngaye eSambulweni 17, iSambulo, isahluko se 17, ibandla eliKatolika limelwe lapho. Futhi bakutshela ukuthi yibo, futhi. Aba . . . Incwadi yabo uqobo isho njalo. Abanqikazi ngakho. Bangaki abake bafunda umbhalo wabo uqobo na? Niyazi ukuthi lokho kuqinisile. [Ibandla lithi, "Kunjalo."—Umhl.] Bathi ibandla eliKatolika limelwe. Kunjalo. Futhi khumbulani, "Lalingunina wezifebe. Laliyisifebekazi, nonina wezifebe." Niyabo, kwakufanele kube ngamabandla; hhayi abafana, kwakungamantombazane, amabandla amaProtestani, "unina wezifebe." Emva kokuba nje esehlelile, enze into efanayo abayenza lapho, abazihhundula basuka eZwini, futhi aze alandele ukubizela kwenye inhlangano.

68 Ngiyazi lokhu akuthandwa ngabantu, kodwa kuyiQiniso. Anginazinhlelo ezinkulu zomsakazo nezinhlelo zethelevishini, ukwesekelwa. UNkulunkulu angisize ngingabi nazo neze. Ngifuna kuphela into eyodwa, nalokho ngukusekela kukaJesu Kristu, ngeZwi laKhe. Makaqinisekise ukuthi ngikhuluma iQiniso, ngeZwi laKhe; hhayi into-mbumbulu, ngizenzise,

into yokungazisoli; kodwa uMoya oNgcwele wangokoqobo qobo lwaWo, Othatha isithembiso salolusuku futhi ukhombise ukuthi yiQiniso. Yilokho kuphela engilangazelela ukukubona. Njengoba uJesu wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa."

69 Manje baphuphuthekile! O, wena uthi, "Asiphuphuthekile." Niphuphuthekile! IBhayibheli lathi wawunjalo. Wonke umfundi womBhalo uyazi ukuthi lona nguNyaka weBandla laseLawodikeya. Bangaki okukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje-ke, iBhayibheli lasho ukuthi, "Ibandla laseLawodikeya laliphuphuthekile, lihamba-ze, futhi lingakwazi." Nanso ingxenye embi, alikwazi ngisho. Libi ukwedlula yonke eminye iminyaka yebandla ihlanganiswe ndawonye.

70 "Inkabi iyawazi umkhombe womnikaziyo, noma isitebele, nomnyuzi uyawazi umkhombe wawo, futhi," Wathi, "Abantu baMi abazi."

71 Baphuphuthekile, baphuphutheke ngokomoya! Baphuphutheke kukuphi na? IZwi likaNkulunkulu. Baphuphutheke nje ngakho konke, futhi abafuni ukuLibona. Futhi uyabatshela; bayothi, "O, yebo, ngi—ngihlose ukukwenza lokho," kodwa akukho namunye wabo okwenzayo. Bangekwenze futhi babe besalokhu bebambe inhlanganyelo yabo enhlanganweni; bayobakhahlela baphume ngqo kuyo.

72 Nango ema, uDelila emphuce amagoda akhe. Manje use—usephungulwe izinwele; njengabesifazane kukho, into efanayo. Manje babukeni, behluliwe, njengoba babenjalo nje.

73 Abefundisi, izithunywa zephentekoste zangezinsuku zasekuqaleni, wawungasoze wabenza labo besilisa bakholwe ukuthi abantwana babo uqobo babeyohlela amakholiji, abawagxekayo, ngeZwi likaNkulunkulu, futhi baphuma kukho. Kunjalo. Yini, ngalamakholiji, esinayo na? Afake izwe ebandleni. Umfundisi omdala wayevame ukucula:

> Siwise imigoqo, sixegise ngesono.
> Siwise imigoqo, izimvu zaphuma, kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

74 Niwise imigoqo, nasuka eZwini. Ngenkathi uEva ewisa imigoqo, emidlinzweni yokuhlakanipha kukaSathane, ukufa kwangena; nemigoqo uNkulunkulu ayemvalele ngayo, kwakuyiZwi laKhe lesithembiso. Futhi sibambise ngenye into, isivumokholo, esikhundleni seZwi. Amen. Niyazi lelo yiQiniso.

75 Sinani, bantu bePentecostal namhlanje na? Abaningi kakhulu oRicky. Lelogama, uElvis noRicky, anizange nizwe ngalokho kwezinye izinsuku. Yigama, yigama lomuntu lalolusuku. Lihambisana nalokhu. Lisho okuthize.

76 Wena uthi, "Igama alisho lutho." Pho Walishintshelani igama lika Abrama, laba nguAbrahama na? Walishintshelani igama likaSawulu laba nguPawulu; igama likaSimoni laba nguPetru na? Walishintshelani iGama laKhe uQobo na?

77 Wamshintshelani uJakobe waba nguIsrayeli na? Akazange waze wabambana neNkosi, akazange waze wanqoba. Futhi ngenkathi uJesu enqoba ukufa, isihogo nethuna, iBhayibheli lathi, "WayeneGama elisha." Futhi ngenkathi uJakobe enqoba.

78 Futhi uma iBandla linganqoba, liyoyeka ukuthi, "NgiyiMethodisti, iBaptisti, nePresbyterian." Nxa linganqoba izivumokholo zalo nezwe elilidonsele phakathi lapho, liyobuyela kuMlobokazi kaJesu Kristu, uNkk. Jesu Kristu. Amen.

Ukubona okudabukisa kanje pho, njengoba sibona uSamsoni emi lapho!

79 Abesifazane nezinwele ezimfishane, begqoka izikhindi, bepende ubuso; namaPentecostal, ezibiza ngamaKristu, becula ekhwayeni.

80 NgangikwiPentecostal Assembly kungekudala, edolobheni elikhulu lapho edumile, indoda enkulu eyakhe khona. Nemihlangano yaba mikhulu kakhulu, ngadingeka ngiwuwezele endaweni enkulu, futhi babenekhwaya eqokiweyo yePentecostal. Futhi babazi kancane ukuthi ngangihlezi phansi ngqo emva kwamakhethini, ngikhuleka. Futhi lapho onke amantomabazane kulolohlu lwamantombazane cishe angamashumi amathathu-nanhlanu, nabafana abangamashumi amathathu-nanhlanu, ukuba bacule *UMesiya*, yayipende ubuso nezinwele eziphunguliwe. Futhi ngenkathi uDavid duPlessis wayethatha umnikelo wezithunywa zenkolo, ayenza sengathi ayeyimpumputhe uBartimewu, ehamb'egijima edlulisa inkomishi. Lokho ngabazukulu bePentecostal. Leyo akusiyo inceku kaNkulunkulu yePentecostal nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele awuyikuhlekisa ngeZwi laWo uQobo. Ungeke, futhi uhlal'unguMoya oNgcwele. Kodwa yilapho esenifike khona. O, Samsoni, thola ukucabanga kancanyana!

81 Khumbulani, lamateyipu ayaqoshwa futhi athunyelwe emhlabeni jikelele. Angikhulumi nje kuphela kuleliqembu lapha.

82 USamsoni uqala ukucabanga ngeziphosiso zakhe. O! Futhi uqala ukucabanga ngalokho ake aba yikho ngesinye isikhathi.

83 Phentekoste, cabanga ukuthi wawuyini eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula. Bandla, Katolika, Protestane, cabangani ukuthi naniyini eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, futhi bukani ukuthi niyini namhlanje. Tadishani isikhashanyana.

Ngiseneminye nje futhi cishe imizuzu eyisishiyagalombili, ukugcina izwi lami.

84 Qaphelani, kodwa esami lapho, wakhala, uqala ukucabanga ngeziphosiso zakhe, futhi lapho eqala ukucabanga ngalokho okwakwenzeke kuye. Wayephuphuthekile, ngakho-ke akabange esakwazi ukubona. Yena, wemukele enye into. Ngenxa yothando lalona wesifazane, yilokho okwamtholayo, wayeseyamala-ke.

85 O, unoxhaka onje pho ebengingakhuluma ngawo lapha, uSathane awucuphele ibandla. Nje thola amehlo akho ephuphuthekisiwe eQinisweni, futhi, yilokho-ke, bakutholile-ke. Futhi ukuba kuphela bewukwazi! Ngolunye lwalezizinsuku uNkulunkulu uzokufakazisa kini, ukuthi luyini uphawu lwesilo. Ehhe. Qaphelani, kodwa wake waphuphutheka, nango ema.

86 Futhi nango wayemile. Futhi uqala ukukhumbula izinto zeziphosiso zakhe, lapho ayeshiye khona eqondile, indlela eyingcingo, lapho ayesuke khona esithembisweni sikaNkulunkulu. Futhi wakhala, "Nkosi, phindisela ngamehlo ami!" Wakwenzelani lokhu na? Wayazi ukuthi kwakunokwenzeka.

Manje nakho lapho engifuna nilalele khona.

87 USamsoni ufanele ukuthi wacabanga ngakho konke lapho ayeshiye khona indlela yezinyawo. Wakubona-ke, sekuleyithi kakhulu manje. Wakubona, lapho ayeshiye khona indlela yezinyawo, wayesecabanga, "Kufanele kube nokwenzeka ukuthi uNkulunkulu uyophendula." Wayazi ukuthi uma wayengaphenduka futhi athole uNkulunkulu ukuba abone ukuthi wayezisola ngesiphosiso sakhe, kwakunokwenzeka ukuthi uNkulunkulu wayesangasizuza ngempumelelo isithembiso saKhe.

88 UNkulunkulu uyokwenza. Uzokwenza. Kuyafana manje, uNkulunkulu uzoba naleloBandla! Ningakhathazeki, Lizobakhona. UMoya oNgcwele uzohamba kanjalo eBandleni kuyoze kuthi iBandla noKristu bayoba nguMoya ofanayo. ULuther wama ngaleyonkathi ngezinyawo, ngokulungisiswa; uWesley wama ekushayeni kwenhliziyo yothando, kokungcweliswa; kodwa lokhu sekuphakamele enhlokweni manje; niyabo, kungaphezu kwalokho. Lahlela, nomnini sivini uyafika wayesewuthena umvini; yafa, ayibange iphinda isabuya. Ayisophinde ibuye. Kodwa noma kunjalo kunembewu yokuPhila lapho evelayo.

89 Kodwa, qaphelani, uSamsoni wacabanga ukuthi kufanele kube no—nokwenzeka. Wawubamba umqondo.

90 Kodwa ingxenye edabukisayo ingukuthi, namhlanje, ibandla alikubambi lokho. Abaqondi ukuthi kunokwenzeka kwemvuselelo. Abakuqondi ukuthi kunokwenzeka. Abakawubambi umbono namanje. Bavele bahlala nje.

91 “O,” bathi, “manje, Mfowethu Branham, wenzani na?”

92 O, ngiyazi nishaya ihlombe futhi nibe nemibuthano emikhulu, futhi nibenyezele nokucwebezelayo kwezwe. Nizodingeka niye ezindaweni ezinkulu kunazo zonke. Nizodingeka nibe nokukhulu impela, nibungazwe ukwedlula konke. Nizofanele nenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Umelusi wenu uzofanele abe yisifundiswa esikhulu sasekholiji enesiqu sobudokotela. Noma, ningeke natshela omakhelwane benu ezansi lapho ukuthi umelusi wenu ungomunye umfo omncane ophuma ensimini yommbila phandle lapho, othole ukusindiswa. Ungukuthi, “Umelusi wethu unguDokotela LL.D. U*S'bani-bani*.” Kimi, kuchaza ukuthi uqhele kude kangako kuNkulunkulu. Yilokho kuphela, uqhele nje kude kangako, ngokuba izinhlakanipho njalo iyamsusa. O, nicwebezela ulwazi lwemfundo.

93 Nenye into, mayelana nenqwaba yalobubuvangeli besimanje namhlanje, kusukela le ePhentekoste konke emuva le, ngumbhukiso weHollywood. Ya, impela nibenyezela ngalokho, njengemicwebezelo ehholo likankulunkulu wenhlanzi uDagoni. Kodwa lokho kucwebezela ngolwazi lwemfundo, nombukiso wezihlakaniphi nokukhulu okugqamile, nidedela wonke umphakathi ubone noma yikuphi ukwehlulwa kanjalonjalo, zonke lezozinto ezinjengalokho, imiqondo yezihlakaniphi yeVangeli, kanjalonjalo, lokho akuwalethi aMandla kaNkulunkulu ukwenza abesifazane bayeke ukuba nezinwele eziphunguliwe, nabesilisa ukuba baziphathe njengoba befanele, bathathe indawo yabo endlini futhi bakhulise abantwana babo njengoba befanele bakwenze. Akulethi uMoya kaNkulunkulu.

USamsoni wama lapho, eyisigaxa esikhulu impela nje njengoba wayelokhu enjalo.

94 Nebandla limi liqine kakhulu ngamalunga kunoma lenza eminyakeni engamashumi amane eyedlula, kodwa uphi uMoya kaNkulunkulu na? O, he! Uphi uMoya kaNkulunkulu kulo na? Ngibona umoya weHollywood. Ngibona umoya wezwe. Ngibona umoya wobukhazikhazi. Ngihamba ngidabula ngqo, sengibe neminyaka eyishumi nanhlanu ngishumayela ngiphikisana nawo, futhi nje uya ngokuba mubi kakhulu ngaso sonke isikhathi. Ngingawubona, futhi ngingawubona umoya lapho. Kodwa uphi uMoya kaNkulunkulu ongambamba ngqi uNkulunkulu, ongaliqonda iZwi uqobo lwaLo uma Libonakaliswa, ungaliqonda iQiniso na? UMoya kaNkulunkulu kuphela ongenza lokho. Kunjalo. Ungathatha okucwebezelayo, okupholishekile, umbukiso.

95 USamsoni wayenomzimba omkhulu nje njengoba wayelokhu enawo, kodwa amandla akhe asuswa kuye.

96 Ibandla, iPhentekoste namhlanje, limi. Ngiyakholwa, iminyaka emithathu eyedlula, i*Sunday Visitor* yebandla eliKatolika, yathi ukuthi babekade be "nabaphendukileyo abayisigidi baya ebuKatolikeni ngonyaka owodwa, kodwa ibandla lePentecostal lalibe nesigidi esisodwa nezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, ngaphezu kwalokho." Awu, ninani uma ninakho na? Ngiqoka ukuba ngangikade nginabahlanu ababenganikela impilo yabo kuKristu. Angenza okuningi kakhulu ngamadoda amahlanu, noma indoda eyodwa, ezinikele, kunoma Ubengenza ngezigidi ezingamashumi amane ngaphandle. Achaza ukuthini amalunga na? Achaza enye into nje, ukuthi niphuphuthekisiwe, futhi nengeza amanye futhi amandla esifebeni. Kunjalo.

Qaphelani, ibandla namhlanje alithandi ukukhokha intengo.

97 USamsoni wakhuleka uhlobo olufanele lomkhuleko, "Nkosi, mangife nalesisitha." O, he!

98 Nakho lapho enikhona. Anifuni ukufa ekuziqhenyeni kwenu. Anifuni ukufa ezintweni zezwe.

99 Manje, khumbulani, ngikhuluma ngokwangempela ezinkulungwaneni emhlabeni jikelele, uma ngisho lokhu. Niyabo? Angikhulumi nje lapha eChicago. Ngikhuluma ezweni.

100 Anifuni ukufa, kodwa indlela kuphela ukuthi kunokwenzeka kwemvuselelo. Niphuphuthekise uSamsoni, aniboni yini ukuthi uDelila uphuphuthekise amehlo enu na? Nendlela kuphela eniyoze nikwazi ngayo ukubuyisela amandla ebandleni, ngukufa esitheni esinitholile kulobubuzwe bezwe.

USamsoni wathi, "Mangife nesitha."

101 Kunentengo enkulu yokukhokhwa. Nifanele nife entweni enifake kulento. Nifanele nife entweni enilethile, ninabantu bePentecostal, naya lapho enikhona kulentambama. Nifanele nife kuyo.

102 USamsoni wavuma ukukhokha intengo ukuba athole amandla kaNkulunkulu abuyele empilweni yakhe futhi.

103 Angazi noma ngabe ibandla linjalo yini, kulentambama, liyavuma yini ukukhokha intengo futhi life nesitha, into, konke ukuthandwa kwenu ngabantu, nakho konke okwenu *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, ukubona nje amandla kaNkulunkulu ebuyele kini futhi, futhi nibe yisiboshwa sikaJesu Kristu na?

104 O, ngizwa abanye benu bethi, "O, yebo, thina, sinezimvuselelo." Kodwa yizimvuselelo zamahlelo. IOneness ifuna ukuthatha yonke iThreeness futhi ibenze bonke babe yiOneness. IThreeness ifuna ukuthatha yonke iOneness futhi—futhi ibenze iThreeness. Ichurch of God ifuna ukuthatha ichurch of God of Prophecy. Elinye lifuna ukuthatha elinye, lenze

elikhulu ihle-. . . Aniqondi yini ukuthi nilungisela kuphela abantu na?

105 Singabazalwane. Akukho-hlelo elingehlukanisa uthando lukaNkulunkulu. Singabazalwane. “Lokhu bonke abantu bayakukwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando lomunye nomunye.”

Nithi, “Ubampongolozelelelani pho?”

106 Uthando luyaqondisa. Uma uthando lungaqondisi, khona-ke alusilo uthando. Ubona umntanakho ezansi emgwaqeni, futhi ungamniki nakanci umfutho wesiqalo sakho konke okuphilayo ezinqeni, a—awusuye ubabayi okahle. Kodwa umama wangempela noma ubabayi uyomphendula futhi amthwansule, amazise ukuthi uzofanele aphume emgwaqeni, noma abhubhe. Lolo wuthando lwangokoqobo. Kodwa ukuthi, “Junior, s’thandwa, angazi. Wena, mhlawumbe awufanele ube phandle lapho ngalesisikhathi sosuku, isikhathi sokuphela, ngenkathi izimoto zihamba ngesivinini impela.” O, umbhedo, wena mshumayeli owenziwe isitabane, kungesiso isibindi sokuthatha iZwi likaNkulunkulu futhi ubize okumhlophe ngokuthi kumhlophe nokumnyama kumnyama, okulungile kulungile nokungalungile akulungile. Kodwa bayakwenza.

107 Ya, sinezimvuselelo kahle, kodwa bukani izimilo zenu zokuziphatha emva kwalezizimvuselelo. Anizishintshi nakancu; niqhela kuNkulunkulu, nasezweni, ngaso sonke isikhathi. Qaphelani.

108 USamsoni wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani uma umkhuleko wakhe wawuphenduliwe.

109 Kodwa asikabali ukuthi kubizani. Ukuthi kuzokwenzekani uma uNkulunkulu ephendula umkhuleko wenu ukuba ube ngowangempela, umntwana kaNkulunkulu wangokoqobo na? Uyazi usuhambile ehlelweni lakho, ngayo leyonkathi. Nalabo besifazane odlala nabo umdlalo wamakhadi, nayo yonk’into na? O, qha! Usuhambile, futhi yilokho kuphela. Kungcono sikubale, kuqala.

110 Kodwa uSamsoni wathi, “Mangife.” Wavuma ukukhokha intengo. Futhi wazi . . .

111 Lalelisisani manje kulokhu ukuphawula. Wayazi ukuthi isimo sakhe sokuhlubuka samanje sasingasoze sahlangabezana nenselelo yalelohora. Nokho, wayesalokhu nje eyindoda kakhulu njengoba wayelokhu ehlala enjalo nje, ezinkonyaneni zakhe. Uhlaka lwakhe lwalulukhulu nje njengoba lwalulokhu luhlala lunjalo. Wayenenkonyane enkulu nje njengoba ayengayivusa engalweni yakhe noma ngasiphi isikhathi nje, mhlambe yayinkulu ngokuthe xaxa, ngoba wayekade egaya phansi e. . . enza umsebenzi onzima ngokuthe xaxa.

112 Sinamabandla angcono, izakhiwo ezingcono nayo yonke into, kodwa aphi amandla ethu, sikhuluma ngokomoya na? O, besingathatha ivoti esizweni. Impela, besingenza lezizinto, kodwa lokho—lokho akusikhona engikhuluma ngakho. Ngikhuluma ngoBukhona bukaNkulunkulu eqondwa phakathi kwethu. Yilokho ebesifanele sikuphilele.

113 Wayazi ukuthi isimo sakhe sokuhlubuka sasingenakuhlangabezana nenselelo yalelohora.

114 Futhi kanjalo nebandla liyakwazi manje. Singeke sakwenza phansi kwalesisimo. Ungeke wakwenza. Amahlelo aliliqinisekisi iZwi; liphika iZwi. Lona impela ihlelo uqobo lwalo liphika iZwi masinya nje selihlelile. Into nje uqobo lwayo, ufinyelela kwelinye icala, kwasekuqaleni nje. Liphika iZwi. Ngaso sonke isikhathi . . .

115 Nginomzuzu omncane nje noma emibili, ethe xaxa. Kodwa qaphelani, njengoba ngijaha manje futhi ngigcina izwi lami.

116 Zonke izikhathi ngenkathi onke emi lapho, nalemicabango wawedlula emqondweni wawo; futhi ngithemba ukuthi kuthumela eminye ngowenu. Awazange anake ngenkathi, uSamsoni, imicabango yakhe wedlula emqondweni wakhe. Mhlawumbe edlulisa ibhodlela, aphuza futhi. Abesifazane bawo abahle baseHollywood bama lapho nosikilidi wabo emlonyeni wabo, uma kwakuyinto enjengaleyo ngalolosuku; angicabangi ukuthi base bephansi kangako impela ngalolosuku. Kodwa bephusha izinwele zabo babuye baphuza obunye futhi, futhi bempongoloza, "Halo, Joseph, noma John, noma wena phezulu lapho ndawondawo! Sidlale amakhadi ndawonye izolo ebusuku, bekuphandle ephathini enkulu." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

117 "Kunokwenzeka ukuthi uNkulunkulu uzongizwa. Kunokwenzeka." Futhi esacabanga, amaFilisti ayengamnakanga, lomfana omncane esaqaqa izandla zakhe, wahlehla. Wathi, "Beka izandla zami phezu kwensika." "Kunokwenzeka." O, he!

118 Ngifisa sengathi ibandla belingakubona lokho. Kunokwenzeka okwemvuselelo yangempela.

119 Wenzani na? Waphakamisela izingoxe zakhe zamehlo (wayengasenamehlo) ngakuNkulunkulu. Awazange akuqaphele ukunyakaza kwezindebe zakhe, njengoba wayevuma ngobuqotho.

120 Asidingi okuncane nje, "Nkosi, ngithethelele noJim, uJoe nathi sonke. Amen." Sidinga ukuhlanza okuqotho, kusukela epulpiti kuya kumlindimnyango.

121 Awazange aziqaphele izinyembezi zehla zivela kulezozingoxe zamehlo lapho ake aba namehlo khona. Awazange akuqaphele ukunyakaza kwezindebe zakhe. Amehlo

akhe, izinyembezi ezisamanzi anosawoti zigobhoza zehla ezingoxweni zamehlo. Wayefuna uNkulunkulu ukuba enze iZwi laKhe liqinisekiswe kanye futhi, ukufakazisa, njengoba ngisho kuloDelila wanamhlanje, noma loSamsoni, njalo, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade!"

122 "Kanye futhi," wacabanga, "bekungenzeka. Hhayi ihlelo elisha, hhayi ihlelo lenkolo elisha, kodwa iZwi eliqinisekisiwe elivela kuWe, Nkulunkulu! Ngiyazi Usenguye uNkulunkulu. Ngiyimpumputhe. Ngichezukile emzileni. Angifanele ukuphila. Mangife nalesisitha. Wangivusela ukuba ngisibhubhise, futhi ngehlulekile kuWe, Nkosi, kodwa kunokwenzeka Uzongizwa. Kanye futhi, Nkosi, kanye futhi!" Ngokuzimisela ngempela ngempela wakhuleka. Wayazi ukuthi yini eyayiza. "Nkosi, kube kanye nje futhi! Kanye futhi mangibone uJesu Kristu njengoba Wayenjalo izolo!" Ngenkathi ekhuleka lowomkhuleko, nezinyembezi zigingqika ezihlathini zakhe, ngobuqotho obujulile bokuvuma!

123 Yilokho okudingwa yibandla. Vuma ukuthi unephutha. Angikhathali ukuthi uDokotela Jones uthini, noma ubani omunye uthini. Uma uphumile eZwini likaNkulunkulu, kuvume, ukuthi unephutha. Khala, "Kanye futhi, Nkosi, kanye futhi! Kanye futhi, Nkosi, kanye futhi! Phindisela ngobumpumputhe bami phezu kwalamahlelo! Futhi ngiphe amandla, Nkosi, ukuzamazamisa lelizwe lamahlelo, ngesiqinisekiso saKho. Ngiphe amandla, Nkosi. Kanye futhi kufakazise!"

124 Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani uma umkhuleko wakhe wawuphenduliwe. Wayazi, ezimisele ngempela ngempela, ekhala, "Kanye futhi, Nkosi!" Futhi esakhuleka, futhi enza ukuvuma kwakhe okuqotho, yonke imisipha yakhe emzimbeni wakhe iqala ukungqangqazela.

125 O Nkulunkulu, ukuba uMzimba kaJesu Kristu ubungama njengowodwa, nayo yonke imisipha nawo onke amalunga aqale ukungqangqazela ngombhaphathizo wangempela kaMoya oNgcwele futhi; hhayi ngamalunga amasha, nokuxhawulana, nesinye isivumokholo.

126 Lapho amandla eqala ukunyakaza kulezozinkonyane ezinkulu, yonke imisipha iqala ukusonteka. Uqala ukuzizwa futhi, wayesesonteka. Futhi, ngenkathi enza, udonga olukhulu lwawa.

127 Esikudingayo kuphela namhlanje, ngu, kubona lezizindonga zamahlelo ziwa, ngukungena ngobuqotho obujulile phambi kukaNkulunkulu, ukuphilisa lamehlo aphuphuthekisiwe eliphuphuthekiswe eZwini likaNkulunkulu.

128 Lokho kwakungukunqoba kukaSamsoni okukhulu kunakho konke ake aba nakho, ngoba wavuma ukuvuma, phezu kwazo zonke izitha kuqala ayekhuliselwe ukuzibhubhisa.

129 O, Phentekoste, yima esikhundleni sakho kulentambama, esikhundleni sakho somsebenzi weZwi likaNkulunkulu. Phenduka, futhi ukhale kakhulu, "Nkosi Nkulunkulu, kanye futhi!" Ake nginitshele okuthize. Bekungcono ubhubhise isitha sakho ngaphambi kokuba isitha sakho sibhubhise wena. Kunjalo. Buyisani imihlangano yemikhuleko eyifeshini endala, ukuphenduka kwangempela kokumesaba uNkulunkulu, inkonzo yobusuku bonke yase altare. O, Phentekoste, ngizweni! Yekani, o, yekani lenkohlakalo uJezibeli ayisebenze phakathi kwenu. Iyekeni, iyekeni ngokushesha, bese nibuyela eZwini leNkosi, nidede kulombukiso weHollywood. Phendukani ngenhliziyo yenu yonke, nibuyele eZwini likaNkulunkulu. Buyelani eMandleni kaMoya oNgcwele. Nina besifazane gqokani njengabesifazane, nina besilisa ziphathiseni okwabesilisa, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Phendukani, o, phendukani nisuke kulenqubo kaJezibeli eniklinyayo neniphuphuthekisayo. UNkulunkulu asisize ukuba sibe nokuphenduka kweqiniso; hhayi ngokwenhliziyo enguhhafu, ungeke wakwenza.

130 Ngicabanga kanjani namhlanje, ngawo lomzuzwana lapho isikhathi sami sesiphelile, sifanele sime ngezinyawo zethu, futhi sikhale, nezandla zethu emoyeni, "Nkosi, kanye futhi! Kanye futhi, O Nkosi, kanye futhi!"

131 Asisukume, wonke umuntu ovumayo ukukwenza, ukubona imvuselelo; oselungele ukufa kulombukiso weHollywood; wonke umuntu oselungele ukufa, ukubona "aMandla kaNkulunkulu eza eZiyoni, nangenjabulo, zonke izintaba zaKhe ezingcwele akukho okulimazayo noma okuyobhubha."

132 Asiphakamise izandla zethu, futhi sikhale, "Kanye futhi, Nkosi!" Kanye futhi, Nkosi! Kanye futhi, Nkosi! Kanye futhi, Nkosi, thumela uMoya oNgcwele, ngokuvunguza koMoya onamandla njengoba Wenza ngoSuku lwePhentekoste. Amen. [Ibandla liyaqhubeka emkhulekweni nodumo kuNkulunkulu—Umhl.]

